 Kodwa akuthathanga sikhathi. Njengoba begovuzwa,  
 intuthu yagala ukumyuka iphuma ebhodweni.



Then they began to stir the mixture with sticks.  
 “I hope it’s not going to be a dodgy dragon,” said  
 Ayo, looking a little worried.  
 “Me too,” agreed Zaza. “I kind of like my  
 thumbs.”  
 “How are we going to cook this mixture?”  
 wondered Zaza.



And although they spent months and months trying to make another dragon, they never could. But, they didn’t give up hope. They knew that one day someone else would figure it out, and, just maybe, that someone is **YOU!**

Nakuba bachitha izinyanga bezama ukwenza omunye udrako, bahluleka. Kodwa, abalilahlanga ithemba. Babazi ukuthi ngelinye ilanga omunye umuntu uzoyithola, futhi, mhlawumbe, lowo muntu **NGUWE!**

Ingxube yase igala ukughuma nokuputshuka.  
Yabhodla yaduduma futhi ibhodwe lashukuma  
kakhulu.  
Kwase kuqhuma imibani iphuma ebhodweni!



But she didn't need to wonder about that for  
long. As the children stirred, smoke began to rise  
from the pot.  
Then, the mixture started to crackle and pop.  
It burped and burred and the pot shook  
violently.  
And then, fireworks exploded out of the pot!

Granny ran  
outside to  
see what all  
the noise was  
about.

"Oh, I see you  
made a dragon!"  
she said. "And I see it's a  
friendly one too. Well done! But, can you  
remember the recipe?"


Ayo and Zaza looked at each other.  
Uh-oh! They couldn't remember the recipe!

UGogo wagijima waphumela phandle  
ezobona ukuthi ngumsindo wani.

"Oh, ngiyabona ukuthi nimenzile udrako!"  
esho. "Futhi ngiyabona ukuthi unobungani.  
Nenze kahle! Kodwa, niyayikhumbula indlela  
enimenze ngayo?"

U-Ayo noZaza babukana.

Eeh-eish! Abayikhumbulanga indlela  
yokumenza.



"Can we have the recipe, please?" asked Zaza.  
"Sadly, I can't remember it," said Granny, not  
looking sad at all.  
But then Ayo's eyes lit up. "I know," he said.  
"Perhaps we should try coming up with our  
own recipe."  
"Yes, yes!" exclaimed Zaza. "Let's do it!"  
The children took Granny's big three-legged  
pot out into the garden, ready to begin their  
dragon-making adventure.

Zaza and Ayo were spending the weekend at  
their granny's house.

"We're bored," they moaned.

"Well, why don't you build a puzzle or play a  
game?" suggested Granny.

"B-o-r-i-n-g!" sang the children.

"Ooh, I know," said Granny, lowering her  
voice to a whisper. "Why don't you try to make  
a ... **DRAGON!**"


UZaza no-Ayo babechitha impelasonto  
emzini kagogo wabo.

"Sibhorekile," bekhononda.

"Kungani ningazenzeli umphico noma  
nidlale umdlalo?" kusho uGogo.

"Ku-ya-bho-ra!" kucula izingane.

"Ngiyazi," kusho uGogo, ehlisa iphimbo  
ehleba. "Kungani ningazami ukwenza ...  
**UDRAKO!**"



“Gogo,” kuhleka izingane.  
 “Azikho izinto okuthiwa  
 odrako.”  
 “Zikhona!” kusho uGogo.  
 “Nicabanga ukuthi sashonaphi  
 lesi sithupha? Ukwenza udrako  
 yinto enzima kabi. Kudingeka  
 uzenze kahle izithako zakhona,  
 kungenjalo, ungacina  
 unodrako obolile, njengakimi.”  
 U-Ayo noZaza babukana  
 ngamhlo amakhulu  
 angangama-pizza.  
 Babengamenza ngempela?  
 Babengamenza ngempela?  
 udrako?



**KAPOW!**  
**QHIBUUU!**

**And, out popped a ...**

**DRAGON!**

“Eeee!” squealed the children with delight.  
 “We did it! We made a dragon!”

Zaza turned to the dragon and nervously  
 asked, “A-are you a friendly dragon?”

“Of course I am, silly!” said the dragon, smiling.

**Washo, waphuma ...**

**UDRAKO!**

“Heee!” kumemeza izingane ngenjabulo.  
 “Siphumelele! Simenzile udrako!”

UZaza waphendukela kudrako, wambuza  
 ethukile, “Ingabe ungudrako onobungani?”

“Yebo kunjalo, ngiyisiwula!” kusho udrako,  
 emamatheka.

“Granny,” chuckled the children. “There are  
 no such things as dragons.”

“Of course, there are!” said Granny. “How do  
 you think I lost this thumb? Making a dragon is  
 very serious business. You have to get the recipe  
 just right, or you could end up with a rotten  
 dragon, just like I did.”

Ayo and Zaza looked at each other with eyes  
 as big and round as pizzas.

Could they really do it? Could they really  
 make a dragon?



“Yebo!” U-Afrika athi ukucabanga ngalokhu bese edansa kancaane. “Ngabe ungangitshela yini ukuthi ibizwa ngokuthini ngesiSotho?” kubuza yena. “Hhayi bandla, izingane zanamhlanje! Imibuzo yazo bakithi!” kwasho owesifazane ngaphandle kokuphendula umbuzo.

“Dumela, Mme,” Afrika greets the saleswoman. “All your toys are beautiful!”

“Thanks! We make them from recycled materials,” the woman says, handing Afrika the windmill he is looking at.

“But what is this thing?” Mme wa Afrika asks, looking at Afrika.

“It’s a *sefefo sa moea*. Do you want something else?” the woman says, thinking that Mme wa Afrika is talking to her.

A big smile lights up Afrika’s face. “May I have this one, please?” he says.

“This what?” Mme wa Afrika asks, as she pays for the windmill.

“Dumela, Mme,” u-Afrika ebingelela owesifazane othengisayo. “Mahle wonke amathoyizi akho!”

Ngiyabonga! Siwenza ngezinto ezisetshenziswa kabusha,” owesifazane usho lokhu enikeza u-Afrika i-*windmill* ayibhekile.


“Ngabe yini konje igama lale nto?” uMme wa Afrika ubuza lo mbuzo, ebheke u-Afrika.

“Ibizwa ngokuthi yi-*sefefo sa moea* ngesiSotho. Ngabe kukhona okunye okufunayo?” kusho owesifazane, ecabanga ukuthi uMme wa Afrika ukhuluma naye.

Buvele bumamatheke ngokwedlulele ubuso buka-Afrika. “Bengicela khona lokhu, bandla?” kusho yena.


“Kuthiwa yini lokhu?” UMme wa Afrika uyabuza, ngesikhathi ekhokhela i-*windmill*.

“I-*Windmill*, my boy?” the driver asks, laughing. “I mean, what is it called in Sesotho?” Afrika whispers. “I-*Windmill* yi *windmill*!” the driver says, turning up the volume on the taxi’s radio. This is not the answer Afrika needs.



Afrika knows what he wants but doesn’t get know the name for it in Sesotho. His plan is to ask everyone he meets if they know the Sesotho word. “Hello, Uncle,” Afrika greets the taxi driver as he climbs into the front seat. On the way to the market, Afrika sees his favourite bright blue windmill on a nearby farm and points to it. “Uncle, what is that thing called?” he asks.





U-Afrika ufuna umshini omncane omibalabala ohamba ngomoya odonsa amanzi phansi obizwa nge-*windmill*, awubona emakethe mhlalwa egcina ukuya khona. Umkhumbuzo ngama-*windmill* abahlala bewubona empulazini aseduze nabo. “Buka nje ukuthi unemibala kanjani! Ukwazi ukwubona ukude,” kusho gena kuDintle, ekhomba umshini ohamba ngomoya endleleni eya etekisini!

Afrika wants the small, colourful windmill he saw at the market the last time they were there. It reminds him of the windmills they always see on the nearby farms. “Look how colourful it is! You can see it from far away,” he tells Dintle, pointing out a windmill on the way to the taxi.



As Afrika, his mom and Dintle continue walking through the market, they see a boy playing with a toy tin car. The wheels are made of recycled bottle caps. “Would you like a toy car, Afrika?” Mime asks. “No, thank you,” says Afrika. Then Afrika sees it! A small windmill on top of a table, its colourful blades turning in the breeze. “That is beautiful,” Mime says to Afrika, admiring the windmill too. “That’s exactly what I want,” Afrika says and runs towards the table. “Well, you know the deal,” Mime says as she joins him. Afrika realises that he still doesn’t know the word for windmill in Sesotho.

Ngesikhathi u-Afrika, umama wakhe kanye noDintle beqhubeka nokuhamba emakethe, babona umfana odlala ngemoto eyithoyizi eyenziwe ngamathini. Amasondo enziwe ngezivalo zamabhodlela ezisetshenziswe kabusha. “Ngabe ungayithanda yini imoto eyithoyizi, Afrika?” kubuza uMama.

“Cha, ngiyabonga,” kusho u-Afrika.

Kusenjalo, u-Afrika ube eseyibona! I-*windmill* encane ephezu kwetafula, amaphikwana ayo anemibalabala ephendulwa umoya.

“Yaze yayinhle,” kusho uMme ku-Afrika, naye ekhangwe ubuhle be-*windmill*.

“Yilokho impela engikufunayo,” kusho u-Afrika ngesikhathi egijima eqonde etafuleni.

“Empeleni, uyazi ukuthi kumele wenzeni,” kusho uMama eza kuye.

U-Afrika uyabona ukuthi akakalazi namanje igama le-*windmill* ngesiSotho.



# Indlela yokwenza ipitsi elilula ngephepha

# How to make a simple paper windmill

**Uzodinga:** Iphepha noma ikhathoni elilula, isikele, i-glu, amakhrayoni noma ama-marker, ipensela elinerabha, noma i-straw sokuphuza sepulasitiki, ukhanjana wokunameka izinto

**You will need:** paper or thin cardboard, scissors, glue, crayons or markers, pencil with eraser/plastic drinking straw, push pin

1.



- Uma usebenzisa iphepha elivamile, namathisela amakhasi amabili ndawonye ngegglu. Faka iglu kulo lonke uhlangothi lwamakhasi. Yiyeke iglu yome.
- Dweba noma wenze ngemibala eggamile amaphethini athile ohlangothini olulodwa lwephepha.
- Sika iphepha lakho libe yisikwele.
- Seqe lesi sinyathelo uma usebenzisa ikhathoni elilula.



- If you are using ordinary paper, glue two pages together. Put glue on the entire area of the pages. Let the glue dry.
- Draw or paint some colourful patterns on one side of the paper.
- Cut your paper into a square shape.
- Skip this step if you are using thin cardboard.

2.



- Sebenzisa irula nepensela ukudweba imigqa emibili exhumanisa amachopho amabili abhekene esikwele.
- Use a ruler and pencil to draw two lines connecting two opposite points of the square.

3.



- Sika okungaphezudlwana nje kukahhafu emgqeni ngamunye. Manje uzoba namachopho ayisi-8 esikweleni sakho.
- Cut just over halfway to the middle of the square along each line. You will now have 8 tips on your square.

4.



- Letha isu 1 maphakathi nesikwele ngaphandle kokuligoba iphepha. Linamathisele ngegglu.
- Bring Tip 1 to the centre of the square without creasing the paper. Glue it in place.

5.



- Letha amasu 3, 5 no-7 maphakathi nesikwele futhi uwanamathisele ngegglu.
- Bring Tips 3, 5 and 7 to the centre of the square and glue them in place.

6.



- Faka ukhanjana wokunameka izinto enkabeni. Wuzungezise ukhanjana ukuze imbobo ithi ukunwebeka kancane.
- Insert a push pin into the centre. Wiggle the push pin around to make the hole a bit larger.



7.



- Hlanganisa ipitsi nepensela ngokucindezela ukhanjana ungene kuyirabha yepensela. Ungawucindezeli kakhulu uqine; kungenjalo, ipitsi ngeke likwazi ukuphenduphenduka ngokukhululekile.
- Attach the windmill to a pencil by pushing the pin into the pencil's eraser. Don't push it on too tightly; otherwise, the windmill will not be able to spin freely.

8.

Vuthela umoya emachosheni epitsi ukuze ulenze liphenduphenduke. Kujabulele!

Blow on the edges of the windmill to make it spin. Have fun!





# Isitolo Somlingo SikaFolbo

NguKai Tuomi ■ Imifanekiso nguJiggs Snaddon-Wood



Indlela kaNomisa eya ekhaya uma ebuya esikoleni yayimdlulisa ezindlini ezimibalabala, ngasesithini sesitimela kanti futhi yayidabula nasehlanzeni bese eyofika epulazini lomndeni wakubo.

UNomisa wayekuthanda ehlanzeni ngoba babembalwa abantu lapho, kodwa wayekuzonda ukuthi wayehlala kude kakhulu ukusuka edolobheni. Izingane eziningi zazihlala ezindlini ezimibalabala.


"Ngifisa ngabe bengingahlali epulazini," esho, ekhahlela itshe endleleni.

UNomisa wayeyazi kahle indlela, ngakho wamangala lapho ebona esakhiwo esincane esiyinqaba eceleni kwendlela. Sasisincane kakhulu ukuba kungangeni umuntu kuso futhi sasinoshimula abangamakhulukhulu okwakuphuma kubo intuthu emibalabala iye emoyeni. "Eyani-ke manje le ndawo?" esho, egoba ukuze afunde uphawu olungaphezu komnyango omncane olwaluthi: **Isitolo Somlingo SikaFolbo.**

UNomisa wahleka, "Yihlaya-ke leli. Ayikho into engumlingo."

"Oh," kusho izwi elincane elihlekisayo, "Ucabanga ukuthi ayikho into engumlingo? Ake uchaze lento-ke."

Ngokubhazekisa okukhulu nenqwaba yokukhanya okuphinki nokusagolide, uNomisa wazithola esekhokhoba ngaphakathi kweSitolo Somlingo SikaFolbo ikhanda lakhe lincike kusilingi.



"Wenzi manje?" uNomisa ebuza ngokumangala.

"Umlingo," kusho isidalwa ngemuva kwekhawunta yasesitolo.

Amehlo kaNomisa avuleka kakhulu lapho ebona ukuthi isidalwa esasikhuluma naye kwakuyisibankwa esasigqoke isudu ephinki enezinto ezilengayo.

"Igama lami nginguFolbo. Siyakwemukela esitolo sami somlingo. Ngikuzwe kancane lapho uthi ufisa ngabe wawungahlali epulazini. Ngingakusiza ukushintsha lokho ngomlingo."

"Ungakushintsha?" kubuza uNomisa emangele.

"Yebo nakanjani," kusho uFolbo ethatha ibhodleyana lentelezi ngomsila wakhe. "Le ntelezi ikunika izifiso ezinhlano. Ungase ufise ukuhlala kwenye indawo. Empeleni ungafisa noma yini."

Amehlo kaNomisa avuleka nakakhulu. "Iyimalini?" ebuza.

"Oh," kusho uFolbo, "ishibhile, ngamasenti angamashumi amahlanu kuphela."

"Nginawo amasenti angamashumi amahlanu," kusho uNomisa ngenjabulo.

"Ngiyayithatha."

"Kodwa," kusho uFolbo, emnika ibhodlela. "Uqaphele. Izifiso azisebenzi ngendlela ofuna ngayo ngaso sonke isikhathi. Izifiso zingase ngisho zenze izinto zibe zimbi nakakhulu. Ngezinye izikhathi kungcono ukujabulela lokho onakho."

"Kulungile," kusho uNomisa ngokujaha. "Manje-ke, isebenza kanjani le ntelezi?"

"Uphuza umthamo nje bese usho isifiso sakho," kuchaza uFolbo. Kwathi ngemva kokuhogela intuthu, uNomisa wazithola esengaphandle kwesitolo somlingo.

"Asikho isidingo sokulinda," kusho uNomisa, ephuza umthamo wentelezi. Yayinambitheka njengamajikjolo. "Ngifisa ngabe ngangingahlali epulazini."

UNomisa walinda, kodwa akwenzekanga lutho.

"Awuthi ngizame okunye. Ngiyazi ukuthi, ngimfushane kakhulu." Waphuza umthamo wabe esethi, "Ngifisa ngabe ngangimude."

Ngokungazelele uNomisa waqala ukukhula. Wanyuka waya phezulu, wakhula ikhanda lakhe laze lafika emafini.

"Hhaybo," esho, njengoba izinyoni zindiza zidlula, "sengimude ngokweqile manje."

Ephuza omunye umthamo futhi, wathi, "Ngifisa ngabe bengingemude kakhulu."

UNomisa wancipha njengoba umlingo usebenza. Umoya wamdlula ngokushesha. Nango eshona phansi, encipha kwaze kwaba yilapho utshani buba njengezihlahla phezu kwakhe futhi iSitolo Somlingo SikaFolbo saba ngangesithabathaba somuzi.

"Mayebabo," ememeza. "Manje sengimfushane kakhulu."

Waphuza omunye umthamo wabe esethi, "Ngifisa ukubuyela ebudeni bami obuvamile."

Ngokuphazima kweso, uNomisa wabuyela esimweni sakhe esivamile.

"Ngikutshelile ukuba uqaphele," kusho uFolbo esemnyango wesitolo somlingo. "Usucele izifiso ezine kakade."

UNomisa wavuma ngekhandla futhi wahamba waya kubo.

Lapho efika epulazini, yonke into yayibukeka injengoba injalo. UBaba wayesebenza engadini nemifino yakhe, uMama wayepheka, futhiinja yakhe encane, uMax, yayilele esitebhisini esingaphambili.

"Kubukeka ngathi isifiso sami asisebenzanga," esho, ngendumalo. "Sawubona, Baba. Sawubona, Mama, Sawubona, Max."

UMax wakhonkotha. UBaba wanwaya ikhanda lakhe wabe esethi, "Ungubani wena?"

"Baba, yimina, uNomisa."

"UNomisa?" kusho uBaba, ebamba uMax ukuba ayeke ukukhonkotha. "Ubani lowo?"

UMama waphuma weza. Wasonga izingalo zakhe futhi wathi, "Udukile?"

"Mama, yimina, uNomisa."

"UNomisa?" kubuza uMama. "Angazi muntu okuthiwa uNomisa."


"Hawu bandla," kusho uNomisa, "lesi sifiso asisebenzanga neze ngendlela ebengifuna ngayo. UFolbo ubeqinisile."

UNomisa wabheka umndeni wakubo nepulazi. Kwakubukeka kungenangqondo ukuthi phambilini wayefune ukuhlala kwenye indawo. Manje wayengasacabangi neze ukuba kwenye indawo. Wayefuna ukuba nomndeni wakubo epulazini.

"Ngifisa ukuhlala lapha nomndeni wakithi," esho, ephuza umthamo wokugcina ebhodleleni, "ngendlela obekungayo ngaphambili."

Ehogela intuthu, ibhodlela lanyamalala.

"Nomisa, usufikile ekhaya," kusho uBaba, emamatheka. Wadedela uMax, oweza egijima ezokhotha isandla sikaNomisa.



"Nomisa," kusho uMama, "Ngisanda kuqeda ukupheka. Yintandokazi yakho."

UNomisa wamatheka futhi wangena eyobatshele konke ngeSitolo Somlingo SikaFolbo, izifiso, nendlela akuthanda ngayo ukuba sekhaya nomndeni wakubo epulazini.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- Dweba izithombe ezimbili zikaNomisa ezisekelwe endabeni: esinye lapho emude kakhulu khona kanye nesinye lapho emfushane kakhulu khona.
- Uma ubungasho isifiso sanoma yini, yini obungayifisa? Bhala uhlu lwezinto eziyisihlanu obungazifisa, lapho u-1 esho into ebaluleke kakhulu, futhi u-5 esho into engabalulekile kakhulu.

- Yenza isidalwa esiyiphupho nje ngengxubevange yezinto. Ungasebenzisa izinto ozisike wazikhipha kumaphephabhuku, amaphepha, izicucu zendwangu, ubuhlalu nezinkinombo kanye nanoma iyiphi into eke yasetshenziswa ukuze wenze le ngxubevange yakho.



Drive your  
imagination



# Folbo's Magic Shop

By Kai Tuomi ■ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood



Nomsa's route home from school took her past the colourful houses, around the train station and through the veld to the family farm.

Nomsa liked the veld because there were fewer people there, but she hated how far away she lived from town. Most of the other children lived in the colourful houses.

"I wish I didn't live on a farm," she said, kicking a rock along the path.


Nomsa knew the route well, so she was surprised when she saw a strange little building beside the path. It was too small for a person and it had hundreds of chimneys from which colourful smoke rose into the air.

"What is this place?" she said, bending down to read a sign above the tiny door that said: **Folbo's Magic Shop**.

Nomsa laughed, "This must be a joke. There's no such thing as magic."

"Oh," said a funny little voice, "you think there's no such thing as magic? Then explain this."

With a loud bang and a shower of pink and golden lights, Nomsa found herself crouched inside Folbo's Magic Shop with her head against the ceiling.



"What did you just do?" Nomsa asked in amazement.

"Magic," said the creature behind the shop counter.

Nomsa's eyes grew wide as she saw the creature talking to her was a lizard dressed in a frilly pink suit.

"My name's Folbo. Welcome to my magic shop. I overheard you when you said you wished you didn't live on a farm. I can help you change that with magic."

"You can?" asked Nomsa in surprise.

"Oh yes," said Folbo, grabbing a little potion bottle with his tail. "This potion grants five wishes. You could wish to live somewhere else. You could wish anything really."

Nomsa's eyes grew wider. "How much is it?" she asked.

"Oh," said Folbo, "it's cheap, only fifty cents."

"I have fifty cents," said Nomsa excitedly. "I'll take it."

"Well," said Folbo, giving her the bottle, "just be careful. Wishes don't always work out the way you want them to. Wishes can even make things worse. Sometimes it's best to be happy with what you have."

"Okay," said Nomsa hurriedly. "So, how does the potion work?"

"You drink a little and then make a wish," explained Folbo. And with a puff of smoke, Nomsa found herself outside the magic shop.

"No point in waiting," Nomsa said, taking a sip of the potion. It tasted like strawberries. "I wish I didn't live on a farm."

Nomsa waited, but nothing happened.

"Let me try something else. I know. I'm too short." She took a sip and said, "I wish I was tall."

Suddenly, Nomsa began to grow. Up she went, growing until her head was in the clouds.

"Woah," she said, as a bird flew past, "this is too tall."

With another sip, she said, "I wish I wasn't so tall."

Nomsa shrieked as the magic worked. Wind rushed past her. Down she went, shrinking until the grass waved like trees above her and Folbo's Magic Shop was the size of a mansion.

"Oh dear," she squeaked. "Now I'm too short."

She took another sip and said, "I wish I was my usual height."

With a pop, Nomsa returned to normal.

"I told you to be careful," said Folbo from the magic shop door. "You've used four wishes already."

Nomsa nodded and walked towards her home.

When she got to the farm, everything looked the same. Papa was in the garden with his vegetables, Mama was cooking, and her little dog, Max, was sleeping on the front step.

"I guess my wish didn't work," she said, disappointedly. "Hello, Papa. Hello, Mama. Hello, Max."

Max barked. Papa scratched his head and said, "Who are you?"

"Papa, it's me, Nomsa."

"Nomsa?" said Papa, holding Max to stop his barking. "Who's that?"

Mama came out. She crossed her arms and said, "Are you lost?"

"Mama, it's me, Nomsa."

"Nomsa?" Mama asked. "I don't know anyone called Nomsa."


"Oh no," said Nomsa, "this wish didn't work out at all like I wanted. Folbo was right."

Nomsa looked at her family and the farm. It seemed silly that earlier she had wanted to live somewhere else. Now she couldn't think of anywhere else she'd rather be. She wanted to be with her family on the farm.

"I wish to live here with my family," she said, taking a final sip from the bottle, "just like it was before."

With a puff of smoke, the bottle disappeared.

"Nomsa, you're home," said Papa, smiling. He let go of Max, who rushed over to lick Nomsa's hand.



"Nomsa," said Mama, "I've just finished cooking. It's your favourite."

Nomsa smiled and went inside to tell them all about Folbo's Magic Shop, the wishes, and how much she loved being home with her family on the farm.

## Get story active!

- Draw two pictures of Nomsa that are based on the story: one where she is very tall and another where she is very small.
- If you could wish for anything, what would you wish for? Make a list of

five things that you would wish for, where 1 is the most important thing, and 5 is the least important thing.

- Make a collage of a fantasy creature. You can use cutouts from magazines, paper, bits of cloth, beads and buttons and any other recyclable materials to make your collage.



Drive your  
imagination

# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

## Nal'ibali fun



1.

### Yenza ibheji

1. Sika emgqeni **obomvu** wamashashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
2. Faka umbala esithombeni.
3. Sika isiyingi esilingana nebheji usebenzisa ikhathoni elincane, isibonelo, ibhokisi lama-cereal.
4. Nge-glue namathisela ibheji ekhathonini.
5. Nge-sticky tape noma nge-masking tape namathisela uphini wokulibamba ngasemuva kwebheji. Noma bhoboza imbobo phezulu futhi ufake iwulu noma intambo kuyo ukuze uligaxe entanyeni yakho.
6. Jabulela ukufaka ibheji lakho njengoba ufunda futhi ulalela izindaba ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.

### Make a badge

1. Cut along the **red** dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.



2.

Buyisela izinhlamvu zamagama ukuze uthole **IMIBALA EMIHLANU EHLUKAHLUKENE** eshiwo endabeni, ethi *Ngabe kubizwa ngani lokhu?*

UNDONSU \_\_\_\_\_  
 POHMEHLE \_\_\_\_\_  
 VOOBUM \_\_\_\_\_  
 AMMEYAN \_\_\_\_\_  
 BOLUKU \_\_\_\_\_

Unscramble the letters to find **FIVE DIFFERENT COLOURS** mentioned in the story, *What is it?*


NBWOR \_\_\_\_\_  
 HWIET \_\_\_\_\_  
 DER \_\_\_\_\_  
 KCBLA \_\_\_\_\_  
 UEBL \_\_\_\_\_



3.

Bheka lezi zithombe kwethi *Ngabe kubizwa ngani lokhu?* Zifake izinombolo ukuze zihambisane nokulandelana kwendlela izinto ezenzeke ngayo endabeni. Manje sebenzisa izithombe ukuze uyixoxe kabusha indaba.

Look at these pictures from *What is it?* Number them so that they match the order in which things happened in the story. Now use the pictures and retell the story.



**Izimpendulo:** 2. onsundu, emhlophe, obomvu, emnyama, okublu; 3. 4, 1, 3, 2.  
**Answers:** 2. brown, white, red, black, blue; 3. 4, 1, 3, 2.

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:

TheNalibaliChannel nalibaliSA @nalibaliSA @nalibalisa @nalibalisa  
 nalibalisa The Nal'ibali Trust 0600 44 22 54

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI  
EYETHU

POLOKWANE  
OBSERVER



Drive your imagination

